Inkanyiso, 23 June 1892

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Inkanyiso* |
| DATE: | 23 June 1892, p5. |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

*Inkanyiso*, 23 June 1892, p 5

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

MNGANE,- Ngivumele ngibeke libe linye kulomuntu ozibiza ngamagama amaningi emunye, ozitetayo, u Kokoti opendulelwa ngu Qili-Lamanzi; kuse umuntu munye njalo lowo, madoda, qapelani ukukuluma namazwi ake.

Hau! Yekanini ukuhlakanipha nobuqili bako obungaka, ndoda. Wena uti lapa uti upemba umbango wakini kwa Qwabe ose upambi kwesihlalo sobukosi sika Kwini, bese umema abantu bonke uti abakuvumele uwupembe ngamazwi angesilo iqiniso. Utsho ngani-ke ukuti KwaZulu, inkosi ka Mpande kwaku u Mbuyazi, kepa u Cetshwayo watata ubukosi ngokumnqoba ngempi? Loku wakutshelwa ngubani wena? Utsho ngani futi wena ukuti amadodana ka Malandela, enkulu Kwaku u Qwabe, encane ku u Zulu? Kuzo lezo zibongo zozibili azivezi [o]mkulu nomncane yini kuwe? Wena, inxa uyinkosi, ungawaqamba kanjani amadodana ako owabhekisele ekupateni ubukosi bako ungaseko wena? Inxa uzwa kambe imbala ziyalingana zona izibongo lezo na?-uqwabe lolu (ugubu) olubetwayo, kanye nezulu leliya elipezulu, yikupi-ke okudhlula okunye kuloku kwokubili? Konje ukuluma konke loku ngoba uti masivume ukuti isizwe sakwa Qwabe ngamaJuda? Wo ! angitandi kodwa ukungena enkanini yako, ngisatanda nje ukuzwa owakutshela ukubeka kuka Mpande, loku wena wazi izindaba zonke zezwe. Lalelani, bafundi be *Nkanyiso*.

Ngingowako, Mngane
MAGEMA MAGWAZA.

P. M. Burg, June 21, 1892.

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.